# TERMS AND CONDITIONS FOR USE OF ECLIPSE GLASSES

**Please read these Instructions for Use carefully before using the Eclipse Glasses. Your purchase and use of the Eclipse Glasses constitutes your agreement to these Terms and Conditions. Failure to follow these Instructions for Use may result in serious personal injury, including permanent eye damage. If you do not understand these Instructions or cannot follow them diligently and completely, then you should not look at the Sun at any time, with or without the Eclipse Glasses.**

The term “Eclipse Glasses” refers to the special cardboard-and-polymer optical products, marked “ISO 12312-2” and “SAFE FOR DIRECT SOLAR VIEWING”, manufactured by Rainbow Symphony of Reseda CA or American Paper Optics of Bartlett TN, and sold by Eclipse2024.org for the purpose of viewing the Sun during the solar eclipse of April 8, 2024, by or under the direct supervision of a person 18 years of age or above and in accordance with these Instructions for Use.

Observing the Sun directly, without the benefit of eye protection provided by the Eclipse Glasses, will likely result in serious personal injury, up to and including permanent eye damage and blindness. When these Instructions for Use are followed completely and precisely, the undamaged and unmodified Eclipse Glasses have been proven to be safe and effective in allowing direct, short-term viewing of the Sun. If these Instructions for Use are not followed, or if damaged or modified Eclipse Glasses are used, permanent eye injury could result.

You should never look directly at the Sun, with or without the aid of the Eclipse Glasses, if you have any temporary or permanent medical or other condition which either (1) prevents your use of the Eclipse Glasses according to these Instructions for Use, or (2) which predisposes you to an increased or special risk of incurring, worsening, or contributing to the effects of any optical condition, or other medical, health, or other condition, by looking or attempting to look at the Sun.

You should never attempt to perform any other activity (such as driving or walking) while using the Eclipse Glasses.

You agree that if you allow others to use the Eclipse Glasses, you will provide each such user with a copy of these Instructions for Use and will make sure such user reads and understands the Instructions for Use before using the Eclipse Glasses.

By using the Eclipse Glasses to view the Sun, you agree with the following:

(a) you understand these Instructions for Use completely;
(b) you understand and accept the risks associated with improper use of the Eclipse Glasses;
(c) you accept full responsibility for, and assume all risks associated with, the act of viewing the Sun, with or without the use of the Eclipse Glasses; and
(d) the Eclipse Glasses are fragile, and any damage or modification will render them immediately and permanently unusable for their intended purpose.

Release and Limitation of Liability

By way of purchasing and using the Eclipse Glasses, you are irrevocably releasing, indemnifying, and holding harmless the manufacturer and seller from any liability, loss, claim and expense (including attorney’s fees), including but not limited to bodily injury or other personal harm, which may result from using the Eclipse Glasses under any circumstances or conditions and irrespective of jurisdiction. Neither the manufacturer nor the seller will be responsible for any damages of any kind, irrespective of reasons, conditions or circumstances, including malfunctioning of the Eclipse Glasses. All risks associated with using the Eclipse Glasses rest solely and entirely with the user, irrespective of whether the Eclipse Glasses are used by the original purchaser or any third party. You fully understand and assume the risks in using the Eclipse Glasses. You confirm that you have read this release of liability and fully understand its terms and that you have given up substantial rights by purchasing and using the Eclipse Glasses.

THE MANUFACTURER AND SELLER OF THE ECLIPSE GLASSES MAKE NO WARRANTY OF ANY KIND, EXPRESSED OR IMPLIED, WITH RESPECT TO THE ECLIPSE GLASSES, INCLUDING BUT NOT LIMITED TO THE IMPLIED WARRANTIES OF MERCHANTABILITY, FITNESS FOR A PARTICULAR PURPOSE, AND NON-INFRINGMENT. NEITHER THE MANUFACTURER NOR THE SELLER SHALL BE LIABLE FOR ANY OTHER DAMAGES, INCLUDING BUT NOT LIMITED TO DIRECT, INDIRECT, INCIDENTAL, SPECIAL, CONSEQUENTIAL, OR EXEMPLARY DAMAGES, WHETHER IN AN ACTION IN CONTRACT OR TORT (INCLUDING NEGLIGENCE AND STRICT LIABILITY), SUCH AS, BUT NOT LIMITED TO, LOSS OF ANTICIPATED PROFITS OR BENEFITS RESULTING FROM, OR ARISING OUT OF, OR IN CONNECTION WITH THE USE OR FURNISHING OF THE ECLIPSE GLASSES OR THE PERFORMANCE, USE OR INABILITY TO USE THE SAME, EVEN IF THE MANUFACTURER OR SELLER HAS BEEN ADVISED OF THE POSSIBILITY OF SUCH DAMAGES. IN NO EVENT WILL THE MANUFACTURER’S OR SELLER’S TOTAL LIABILITY EXCEED THE PRICE PAID FOR THE PRODUCT.

Note Regarding Translations

Translations of these Instructions for Use into various languages are provided “AS-IS” and solely for the convenience of the reader. Eclipse2024.org has made reasonable efforts to ensure the accuracy of the Translations; however, in the event of any perceived discrepancy in meaning or interpretation between the English version and any Translation, the English version will prevail. You should not act in reliance on anything contained in any Translation of these Instructions for Use, but should refer to the official English version.


*© 2018-2024 Eclipse2024.org*


# *UKUSITHEKA KWELANGA LONKE – 8 Mbaso 2024*

**Siyanemukela eNyakatho Melika!**

Siyazigqaja ngokuthi ukhethe ukuvakashela izwe lethu ukuzobheka ukusitheka kwelanga lonke, futhi singajabulela ukuba wonke umuntu abheke lesi simangaliso ngokuphepha!

*Sininikeza le miyalelo ngesiZulu ukwenza izinto zibe lula. Inguqulo yesiNgisi yale miyalelo, izindlela kanye nokuzihlangula ("imiyalelo"), ngumthombo ophelele weziqondiso kanye nendlela yokusebenzisa Izibuko Zokubheka ukusitheka kwelanga ngqo. Imiyalelo ikhona ku http://tinyurl.com/viewer-instructions, futhi kumele uyifunde, uyiqondisise futhi uyilandele.* ***Ukwehluleka ukulandela Imiyalelo kungabangela ukulimala okukhulu.***

Izazi zezinkanyezi zibiza ukusitheka kwelanga kwangomhlaka 8 Mbaso 2024 ngokuthi "ukusitheka kwelanga lonke", kodwa ukuze ubone ukusitheka ngokuphelele, kumelwe ube phakathi komzila omncane onqamula umhlaba eNyakatho Melika (okuthiwa "Yindlela Yokusitheka Ngokuphelele"). Uma ungeko kuleyo ndlela, uzobona ingxenye yokusitheka kwelanga! Ngakho-ke, kubalulekile ukuba wazi ukuthi uphakathi kwendlela yokusitheka ngokuphelele, futhi isu ozolisebenzisa lizochazwa ngemva kwesikhashana.



*Indlela Yokusitheka Ngokuphelele*

## IMIYALELO YOKUQALA MASINYANE

## IZIQONDISO EZININGILIZILE

Igama elithi "Izibuko Zokubheka Ukusitheja Kwelanga", ngendlela elisetshenziswa kulo mbhalo, limela "Eclipse Glasses" elishiwo ku-*disclaimer* (ukuzihlangula) eliku khasi lokuqala, nakwezinye izindawo kulombhalo.

Ukusebenzisa kwakho Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga ukuze ubheke Ilanga yisivumelwano somthetho. Kufanele ulandele ngqo nangokuphelele imiyalelo nezindlela eziku lo mbhalo ngazo zonke izikhathi ukuze usebenzise Izibuko Zokubheka Ilanga. Uma ungaqondi Imiyalelo, noma ungakwazi ukuyilandela ngokuphelele nangokuqondile, noma ungavumelani nemigomo, sikuxwayisa ukuba ungabheki Ilanga noma ngasiphi sikhathi, futhi noma ngayiphi indlela.

# IMIYALELO YOKUSEBENZISA IZIBUKO ZOKUBHEKA ILANGA MASINYANE

*Le miyalelo yokuQala Masinyane ifingqwe kumiyalelo eningilizile yesiZulu, okufanele uyifunde, uyiqonde futhi uyilandele yonke ukuze usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga.*

1) **Sesha indawo okuyo ku eclipse2024.org/find-times ukuze ubone ukuthi ilanga lizositheka ngokuphelele lapho okhona, nezikhathi okungase kwenzeke ngazo ukusitheka kwengenxye yelanga kanye nezikhathi (uma kusebenza) zokusitheka okuphelele endaweni yakho.**
2) **Ukusitheka kwelanga lonke yisimangaliso esikhulu, kodwa ukuze ukujabulele, kufanele ube "kundlela yokusitheka ngokuphelele" – engaba ngamakhilomitha angama-200 ububanzi. Uma ungeke wabona ukusitheka ngokuphelele endaweni yakho, siyakuxwayisa ukuthi uye endaweni engaphakathi kwendlela yokusitheka ngokuphelele!**
3) **Ukuze usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga, bambela i-*lens* Yezibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga ngaphezulu kwamehlo akho, ukuze isithe amehlo ngokuphelele.**
4) **Isikhathi sokusebenzisa Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga:**
    a. **Uma ukusitheka kwelanga KUNGEKE kubonakale ngokuphelele endaweni yakho, sebenzisa Izibuko Zokusitheka Kwelanga ngaso sonke isikhathi. USENGOZINI YOKUZILIMAZA AMEHLO NGOKUPHELELE UMA UNGABHEKA ILANGA UNGENASO ISIVIKELO SAMEHLO ESIFANELE!**
    b. **Uma ukusitheka kwelanga KUZOBONAKALA endaweni yakho, KUFANELE ubuke Ilanga Ngezibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga uma noma iyiphi ingxenye yediski lelanga isakhanya – sisho noma kusakhana ingxenye encane. USENGOZINI YOKUZILIMAZA AMEHLO NGOKUPHELELE UMA UNGEHLULEKA UKULANDELA LO MYALO!**
        i. **Kodwa, KUPHELA ngesikhathi sokusitheka okuphelele, sisho ngenkathi Ilanga lingakhanyi, bheka ukusitheka kwelanga lonke ungafakile Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga.**
        ii. **Empeleni, uma ungazama ukubheka Ilanga Ngezibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga ngesikhathi sokusitheka okuphelele, awusoze ubone lutho!**
        iii. **KUMELE uphinde usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga ngokushesha uma ukusitheka kwelanga okuphelele sekuphelile, futhi ingxenye yokukhanya kwelanga isiqala ukubonakala.**
5) **Ngamanye amazwi,**

**UMA KUNGAVELA NOMA IYIPHI INGXENYE YEDISKI LALANGA EKHANYAYAYO, KUFANELE USEBENZISE IZIBUKO ZOKUBHEKA UKUSITHEKA KWELANGA UKUZE UBUKE ILANGA!**

© 2018-2024
Eclipse2024.org

# IMIYALELO ENINGILIZILE YOKUSEBENZISA IZIBUKO ZOKUSITHEKA KWELANGA

Okokuqala, kunamagama okufanele uwaqonde!

Ukusitheka kwelanga ngakunye, kanye nanendawo ngayinye emhlabeni, kunikezwa amagama ahambisana nesikhathi sokwenzeka kwezehlakalo ezibalulekile. Zaziwa ngokuthi:

| Igama lesehlakalo | Incazelo Yesehlakalo | Kubukeka Kanjani (Ukusitheka Kwelanga Lonke) | Kubukeka Kanjani (Ukusitheka Kwengxenye Yelanga) |
|---|---|---|---|
| C1 | Ukuqala kwesikhathi sokusitheka kwengxenye |  |  |
| C2 | Ukuqala kokusitheka okuphelele |  | ** Akwenzakali! ** |
| Phakathi-Kokusitheka kwelanga | Phakathi kokusitheka kwelanga |  |  |
| C3 | Ukuphela kokusitheka okuphelele |  | ** Akwenzakali! ** |
| C4 | Ukuphela kwesikhathi sokusitheka kwengxenye |  |  |

© 2018-2024
Eclipse2024.org

## *1) IMIYALELO EVAMILE NGOKUSEBENZISA IZIBUKO ZOKUBHEKA UKUSITHEKA KWELANGA*



1) *[uma kunesidingo]* Khipha Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga ngokucophelela.
2) Gcina Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga zivikelwe uma zingasetshenziswa.
3) Zihlole ngaphambi kokuzisebenzisa; uma i-*lens film* yonakele noma inyomfekile nganoma iyiphi ndlela, zisike uzibhuqe, bese uthola ezinye ezingafanga.
4) Uma i-*lens film* yonakele nganoma iyiphi indlela, ungasebenzisi Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga ukuze ubuke Ilanga nganoma yisiphi isikhathi.
5) Ungasusi i-*lens film material* yeZibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga, futhi ungasebenzisi i-*film material* esusiwe ukuze ubuke Ilanga noma ngayiphi indlela.
6) Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga ezigqokwe kahle, ezinama *lens* angakonakali zizovikela ukukhanya okunobungozi, kanye nemisebe ye-UV eyingozi. Ngakho-ke, kuphephile ukusebenzisa Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga ngendlela eboniswe kule miyalelo, ukubheka ilanga noma inini. Ayikho "imisebe" ekhethekile eyenza ukubuka Ilanga ngesikhathi sokusitheka kube nengozi encane noma enkulu.
7) **Kufanele usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka kwelanga ngendlela echazwe lapha ukuze ubuke Ilanga ngokuphepha noma NINI lapho ingxenye yediski lelanga ikhanya. Lokhu yiqiniso, kungakhathaliseki ukuthi yiziphi izikhathi zokusitheka (sisho, u "C2" no "C3" njengokuchazwe ngenhla) ozithole kunoma iyiphi indawo.**
8) Ungasebenzisi Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga ngasikhathi sinye nesibonakude, i-*binocular*, ikhamera, i-*lens*, isibuko, noma elinye ithuluzi lokubonisa ("*Idivayisi Yokubonisa*").
9) Ungabhekisi Idivayisi Yokubonisa eLangeni, futhi ungabuki Ilanga ngeDivayisi Yokubonisa ebhekiswe eLangeni, noma ephambukisa ukukhanya kweLanga nganoma iyiphi indlela.
10) Ungavumeli ukuthi Izibuko Zokubheka Ukusitheka kwelanga zisetshenziswe yizilwane, noma umuntu ongaboni kahle, ongakwazi ukufunda kahle futhi alandele imiyalelo yokusebenzisa Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga, noma ongahloniphi isivumelwano somthetho mayelana nezenzo zakhe.
11) Ukuze usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga:

    Bamba Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga phakathi kwamehlo akho neLanga bese ubuka i-*lens material* engonakalanga. Gcina i-*lens material* yeZibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga phakathi kwamehlo neLanga ngazo zonke izikhathi. Uma Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga zikhiqizwe zaba njengezibuko zekhadibhodi, ungazipheca ngendlela ekuvumela ukuthi uzigqoke njengezinye izibuko. Ungabheki ilanga uma lingasithekile ngokuphelele (sisho, ngezikhathi zaphakathi kuka C2 no C3 ozozibona kushadi engezansi, uma lezo zikhathi zihambelana nendawo yakho), ngaphandle kokubheka i-*lens material* yeZibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga engonakalanga.



12) Ungasebenzisi enye into, ngaphandle kwama-*lens* eZibuko Zokubheka Ukusitheka kwelanga njengoba zikhiqizwe ngumkhiqizi wazo, ukuze uvikele amehlo ngesikhathi uzama ukubuka Ilanga.
13) Uma unemibuzo mayelana nemiyalelo, sicela uthinte i-Eclipse2024.org ku https://tinyurl.com/glasses-questions.

## 2) FUNDA IZIKHATHI ZEZENZAKALO ZOKUSITHEKA KWELANGA ENDAWENI YAKHO

Kusekelwe olwazini olunikezwe abe-eclipse2024.org/find-times ngendawo yakho, qedela isitatimende esilandelayo:

***Endaweni yami, ukusitheka kwelanga:***

| KUPHELELE | AKUPHELELE |
|---|---|

*(khetha okukodwa)*

| | |
|---|---|
| Uma ukusitheka ***KUPHELELE*** endaweni yakho, landela imiyalelo eku **“UKUSITHEKA KWELANGA *KUPHELELE* ENDAWENI YAMI”** sigaba esingezansi: | Uma ukusitheka ***KUNGAPHELELE*** endaweni yakho, landela imiyalelo eku **“UKUSITHEKA KWELANGA *AKUPHELELE* ENDAWENI YAMI”** sigaba esingezansi: |

## ** UKUSITHEKA KWELANGA *KUPHELELE* ENDAWENI YAMI **

Usendleleni yokusitheka okuphelele, futhi uzobona isenzakalo esibabazekayo! Kubalulekile ukuba wazi ukunquma ukuthi ilanga lizositheka nini ngokuphelele endaweni yakho. Uzokwazi ukwenza lokhu ngokubheka izikhathi ozozibona ngezansi, futhi ngenxa yokuthi akukho ukukhanya kwediski leLanga ngesikhathi sokusitheka ngokuphelele.

1) Kusekelwe olwazini olunikezwe abe-[eclipse2024.org/find-times](eclipse2024.org/find-times) ngendawo yakho, bhala phansi izikhathi zokwenzeka kwezehlakalo zokusitheka kweLanga eziboniswe ngezansi (qiniseka ngokuthi [ushintsha isikhathi](ushintsha isikhathi) ukuze sihambelane nendawo yakho!):

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| ***Ngaphambi kuka C1*** | * Akukho ukusitheka * | |  |  | **KUMELE** usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga |
| ***C1*** | **Ukusitheka kwengxenye kuqala ngo:** | |  |  | **KUMELE** usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga |
| ***C2*** | **Ukusitheka okuphelele kuqala ngo:** | |  |  | **Ngemva kuka C2**, ungabheka ngamehlo |
| ***Phakathi-Kokusitheka kwelanga*** | **Kwenzeka ngo:** | |  |  | **Ungabheka ngamehlo ungafakile izibuko!** |
| ***C3*** | **Ukusitheka okuphelele kuphela ngo:** | |  |  | **KUMELE** usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka kwelanga futhi |
| ***C4*** | **Ukusitheka kwengxenye kuphela ngo:** | |  |  | **KUMELE** usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga |
| ***Ngemva kuka C4*** | * Akukho ukusitheka * | |  |  | **KUMELE** usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga |

© 2018-2024
Eclipse2024.org

2) Noma usendleleni yokusitheka okuphelele, KUMELE ufake Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga ukuze ubuke Ilanga ngazo zonke izikhathi ngaphambi kuka C2 noma ngemva kuka C3, uma ukusitheka kungaphelele.
3) Ungabuka Ilanga ngqo ungavikelanga amehlo (ngokungasebenzisi Izibuko Zokubheka Ilanga) ngalezi zikhathi KUPHELA:
    a. uma ukusitheka kuphelele endaweni yakho ("usendleleni"), FUTHI
    b. ngezikhathi zokusitheka ngokuphelele (cishe isikhathi esiphakathi kuka C2 no C3, endaweni yakho oyibhale ngenhla), FUTHI
    c. **lapho idiski leLanga elikhanyayo lisithwe yiNyanga NGOKUPHELELE.**

Izikhathi zokusitheka ngokuphelele ziyohluka kuye ngendawo okuyo, yingakho kumele ukuthi usubhalile izikhathi zokusitheka ngaphambi kwesenzakalo sokusitheka. Izikhathi ozibhalayo ziyizilinganiso!

4) Siyaphinda futhi, kungakhathaliseki izikhathi ezibhalwe ngenhla, noma ozithole kwenye indawo, **kufanele usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka kwelanga ngaso sonke isikhathi UMA KUKHANYA idiski lelanga.**
5) Le miyalelo ihambisana nezithombe eziyisibonelo ukuze zikusize uqonde lokhu.

---

***Kumele ufunde, uqonde, futhi ulandele lamazwi alandelayo:***

## KUMELE NGILANDELE YONKE IMIYALELO EMAYELANA NOKUSETSHENZISWA KWEZIBUKO ZOKUBHEKA UKUSITHEKA KWELANGA, UKUZE NGIZISEBENZISE NGOKUPHEPHA.

# UMA IDISKI ELIKHAZIMULAYO LELANGA LIKHANYA, KUMELE NGISEBENZISE IZIBUKO ZOKUBHEKA UKUSITHEKA KWELANGA UMA NGIBUKA ILANGA.

## ** UKUSITHEKA KWELANGA *AKUPHELELE* ENDAWENI YAMI **

Awukho endleleni yokusitheka ngokuphelele, ngakho-ke ngeke ubone ubuhle bokusitheka kwelanga lonke. (Sikunxusa ukuba uye endleleni yokusitheka ngokuphelele ukuze nawe ubone isenzakalo esimangalisayo!)

1) Kusekelwe olwazini olunikwezwe abe-eclipse2024.org/find-times ngendawo yakho, bhala phansi izikhathi zokwenzeka kwezehlakalo zokusitheka kweLanga (qiniseka ngokuthi ushintsha isikhathi ukuze sihambelane nendawo yakho!):

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| ***Ngaphambi kuka C1*** | * Akukho ukusitheka * | |  |  | **KUMELE** usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka kwelanga |
| ***C1*** | **Ukusitheka kwengxenye kuqala ngo:** | |  |  | **KUMELE** usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga |
| ***Phakathi-Kokusitheka kwelanga*** | **Kwenzeka ngo:** | |  |  | **KUMELE** usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga |
| ***C4*** | **Ukusitheka kwengxenye kuphela ngo:** | |  |  | **KUMELE** usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga |
| ***Ngemva kuka C4*** | * Akukho ukusitheka * | |  |  | **KUMELE** usebenzise Izibuko Zokubheka Ukusitheka kwelanga |

*(Naka ukuthi azikho izikhathi zika C2 no C3, ngoba ukusitheka akuphelele endaweni yakho!)*

2) **Njengoba ukusitheka kungaphelele endaweni yakho, kufanele usebenzise Izibuko Zokubheka Ilanga NGAZO ZONKE IZIKHATHI ubuka Ilanga.** Siphinda futhi, sincoma ukuthi be sendleleni yokusitheka ngokuphelele. Qinisekisa ukuthi uthatha Izibuko Zokubheka Ukusitheka Kwelanga , ukuze ubuke izikhathi ezehlukile zokusitheka kwelanga ngokuphephile!

3) Le miyalelo ihambisana nezithombe eziyisibonelo ukuze zikusize uqonde lokhu.

---

***Kumele ufunde, uqonde, futhi ulandele lamazwi alandelayo:***

**KUMELE NGILANDELE YONKE IMIYALELO EMAYELANA NOKUSETSHENZISWA KWEZIBUKO ZOKUBHEKA UKUSITHEKA KWELANGA, UKUZE NGIWASEBENZISE NGOKUPHEPHA.**

**KUMELE NGISEBENZISE IZIBUKO ZOKUBHEKA UKUSITHEKA KWELANGA NGASO SONKE ISIKHATHI UMA NGIBUKA ILANGA.**

© 2018-2024
Eclipse2024.org

